



Ukuhlomisa izingane zethu  
ngelikusasa

## Isiqinisiso 1

**Isihloko sesifundo: Ukubizwa kwaba Phostoli bokuqala besikhathi sokugcina**

# Umhlahlandlela womzali

Isikole sangeSonto      Isikole sasekhaya



# Mzali Othandekayo

Uyamukelwa kusifundo: **Ukubizwa kwabaPhostoli bokuqala besikhathi sokugcina**

Lomqulu ukunika umhlahlandlela ofanele wokuba ungasethula kanjani lesi sifundo.

## Ungasilungiselela futhi usethule kanjani lesi sifundo

Nanka amanyo amasu ngezansi wokulungiselela nokwethula lesi sifundo:

Isinyathelo	Okufanele ukwenze
1.	<p>Finyelela ku Webhusayithi ye-New Apostolic Church ngokufaka noma ngokuchofaza kusixhumanisi esilandelayo kusuka ku-WhatsApp: <a href="https://bit.ly/3NACSSH">https://bit.ly/3NACSSH</a></p>
2.	<p>Qoqa lezizinsiza zokufunda ezilandelayo ukuze uqiniseke ukuthi usihlomele lesifundo:</p> <ul style="list-style-type: none"><li>• IBhayibheli</li><li>• Isifundo ngefomethi ye-PDF esivele silungisiwe</li><li>• Incwadi yengane yokusebenzela kanye namapensele, amakhilayoni, njll.</li><li>• I-Vidiyo kiliphi okuyisisiza sokufunda esingezekile / isisiza sokufunda ongazikhethela ngokuthanda kwakho</li><li>• Ikhathekizimu yemibuzo nezimpendulo (Ikakhulukazi kulesisifundo sesiQinisiso).</li></ul> <p><b>Qaphela:</b></p> <p>2.1: Isikhathi esifanele sokuthulwa kwalesisifundo, kungemuva kwenkonzo yangeSonto ekuseni, ngokuhambisana nesikhathi sesikole sangeSonto ukuze kugcinwe inqubo yesikhathi esijwayelekile.</p> <p>2.2: Uyacelwa ukuba ugcine isifundo sibe mfushane uma kunokwenzeka, khumbula izinga lokunaka kwezingane zethu (gxila esifundweni) - uyazi kangcono ingane yakho!</p> <p><i>Isikole sangeSonto ngokuvamile asidluli imizuzu engama-45.</i></p> <p>2.3: Lesisifundo silungele ibanga lesiQinisiso 1.</p> <p>2.4: Uyacelwa uthinte uThisha wakho wesiQinisiso uma udinga noma yiluphi usizo noma uma udinga ezinye izinsizakufunda kulezi ezingenhla.</p>
3.	<p>Khuleka (bheka umkhuleko osekugcineni kwalomqulu) bese ucela uNkulunkulu ukuba akusebenzise njengethulizi ukwethula isifundo ngendlela Yena afuna ukuba usethule ngayo.</p>



# Fundisa lesisifundo sesikole sangeSonto ekhaya

## Ungasilungiselela futhi usifundise kanjani lesisifundo

Siyaqhubeka nokwabelana ngezeluleko ezithile zokuthi ungasilungiselela futhi usifundise kanjani lesisifundo:

Isinyathelo	Okufanele ukwenze
4	<p>Yenza indawo ilungele ukufundisa engenaziphazamiso lapho wena nengane / nezingane nisezingeni elifanayo.</p> <p><b>Isibonele:</b> Hlala phansi ocansini noma eduze kwetafula.</p>
5	Funda kulesisifundo. Phinda ufunde futhi isifundo ukuze usiqondisise kahle. Bukela lesisifundo sevidiyo kiliphu ukuze uthole ukuqonda okungcono ngalesisifundo.
6	Zenzele amanothi ngamaphuzu abalulekile ongathanda ukuwakhumbula.
7	Yazi inhloso yalesisifundo ingane yakho okufanele siyikhumbule.
8	Yethula lesisifundo enganeni yakho noma uyifundele lenandaba uma uthanda.
9	Khombisa ingane yakho ividiyo bese uphinde ubuyekeze incazel yayo.
10	Khombisa ingane yakho umsebenzi okufanele iwenze encwadini yayo yokusebenzela (I Also Want To....)
11	Khuleka, noma ucele ingane yakho ukuba ikhuleke bese uphetha isifundo.

## Izinsiza zokufunda ezitholakalayo mayelana nokufundisela ekhaya.

Nazi ezinye izinsiza zokufunda zokungezelela lesisifundo sibe sezingeni leqophelo:

1. I-WhatsApp. Xoxani ngesifundo sesiQinisiso - 1 nomunye umndeni osifundayo nawo.
2. Xoxisanani ngesifundo nabanye abazali ukuze uthole ukuchazeleka kahle mayelana nesifundo ngaphambi kokuba sifundiswe.
3. Khululeka ukwenza olwakho ucwaningo ukuze uthole ulwazi olungezekile.
4. Khuluma noMxhumanisi wesikole sangeSonto webandla lakho noma uThisha wesiKole abazimisele ukukusiza.



## Isifundo

### Isihloko

Ukubizwa kwabaPhostoli bokuqala besikhathi sokugcina

### Inhloso yesifundo

Izingane zifunda ukuthi abaPhostoli bokuqala besikhathi sokugcina babizwa kanjani.

## Isifundo esifingqiwe:

### Isingeniso:

Kulesi sifundo sizofunda ukuthi abaPhostoli bokuqala besikhathi sokugcina babizwa kanjani. Sizonaka lokhu:

- Ukubizwa kwezincku / kwezikhonzo ezingokomoya e-Albury
- Ukubizwa kukaJohn Bate Cardale esikhonzweni sobuPhostoli
- Ukubizwa kwabanye abaPhostoli abangeziwe
- Ukugcotshwa kwabaPhostol

### Ingemuva:

Ezingxenyeni eziningi zaseNgilandi naseScotland amaKristu athembekile avela emahlelwani ahlukahlukene amabandla ahlangana emihlanganweni yemikhuleko ukucela uMoya oNgcwele. Babuye bakhulekela nezipho zesikhonzo njengasebandleni lokuqala. EScotland, amakholwa amahlelo ahlukahlukene nawo abelana ngokulindelwa komsebenzi owengeziwe woMoya oNgcwele. Ukubonakalisa kokuphulukiswa, ukukhulumna ngezilimi kanye nokuphrofetha kwenzeka embuthanweni wabo futhi lokho kwabonakala kabanzi.

Kwamanye amabandla lawamaqembu okuhlanganyela emikhulekweni avunyelwa kepha amanye awo axoshwa kanye nezincku (abefundisi / abefundisi besonto) ababebaseka.

Elinye lalawamaqembu, lahlanganyela ndawonye e-Albury, idolobhana elingaphandle kweLondon

### Okuqukethwe:

#### **Ukubizwa kwezikhonzo zikamoya e-Albury**

Emhlanganweni wokukhuleka ngomhla-ka 20 kuMfumfu 1832 uHenry Drummond wabizwa njengoMelusi neNgelosi yebandla. INgelosi ngaleso sikhathi yayingumholi, ngakho-ke ngamanye amazwi, wayezoba umPhathi-bandla. Nabanye babizwa ngokunjalo: UWilliam Caird njengomVangeli kanye noJohn Bayford wabizwa njengomDala. Esiphrofethweni (izwandaba / okubikwe-manqangi) kwembulwa ukuthi lawamadoda kufanele alinde kuze kube ngesikhathi lapho agcotshwa khona ngumPhostoli ngaphambi kokwabiwa kwamasakramente. Kuze kube yileso sikhathi babekwazi ukushumayela nokuthandaza kuphela.

Amakholwa ahlangane e-Albury ebengenaye umfundisi ngoba baxoshwa emabandleni abo. KuHenry Drummond bathola uMelusi ngakho-ke ibandla lasunguleka.



Yize besekungekho abaPhostoli, kodwa ukubhekisa kubaPhostoli bekuvele sekwenziwa ezinkulumweni ezingokwesiprofetho. Lezizinceku ezazibiziwe bekufanele zilindele ukuthi zigcotshwe ngumPhostoli ngaphambi kokuba zisebenze ngokugcwele njengabafundisi / njengezincku, isb. ukwabiwa kwamasakamente.

### ***Ukubizwa kukaJohn Bate Cardale esikhonzweni sobuPhostoli***

Ngomhlaka 31 KuMfumfu 1832 uJohn Bate Cardale waba ngowokuqala ukubizwa njengomPhostoli ngesiprofetho esenziwa nguHenry Drummond ngesikhathi somhlangano womkhuleko. Ngomhlaka 7 kuLwezi 1832 uNkulunkulu wembula ukubizwa kwakhe futhi, kulokhu ngomProfethi Taplin.

Amakholwa ashaqeka ngokuthuka ngokubizwa komPhostoli. Babecabanga ukuthi isikhonzo sobuPhostoli sasigcinelwe kuphela ibandla lokuqala futhi ekuqaleni bebengazi ukuthi kubaluleke ngani ukunamathela kulokhu kubizwa.

Kwadlula amaviki ngaphambi kokuba umPhostoli asebenze esikhonzweni sakhe. Ngomhla-ka 24 kuZibandlela 1832 ngesikhathi senkonzo e-Albury wagquqquzelwa nguMoya oNgcwele ukuba abeke izandla zakhe kuWilliam Caird noHenry Drummond. UJohn Bayford naye wagcotshwa kodwa enkonzweni yakamuva.

### ***Ukubizwa kwabaPhostoli abengeziwe***

NgoNtulikazi1835, abanye abaPhostoli abayishumi nanye base bebizelwe esikhonzweni. Omunye wabo wakhetha ukungalamukeli ubizo. Ngesikhathi senkonzo yomkhosi, ukubusiswa (okucishe kufane nokugcotshwa) kwabaPhostoli kwenzeka. Kulenkonzo bakhululwa emisebenzini yabo ethile emabandleni abo futhi baqokwa ukuba basebenze njengamanxusa eNkosi kulo lonke ibandla likaKristu.

### ***Ukubusiswa kwabaPhostoli***

Ukubusiswa kwabaPhostoli ngaleso sikhathi kwakwehlukile ekugcotshweni komPhostoli njengoba sikuqonda esikhathini samanje.

*Kusosukwini IwangeSonto ekuseni ngomhlaka 14 kuNtulikazi 1835. E-Central Church eLondon ibandla elikhulu selibuthene, lilinde iNkosi. Usuku Iwalumiswe ngesiprofetho eminyakeni emithathu nesigamu edlule. Izinsuku eziyisikhombisa babehangene bezwakalisa imikhuleko yabo belindele umcimbi omkhulu.*

Labo abayiziNgelosi babeka izandla zabo phezu kwabaPhostoli futhi, ngamazwi esibusiso, babangcwelisela “ukwenza umsebenzi, iNkosi eyayibabizele wona”.

### ***Isiphetho:***

Esikhathi sanamuhla umPhostoli ugcotshelwa esikhonzweni sakhe ngokubekwa kwezandla nomkhuleko lapho ethola igunya elifanelekile lesikhonzo (ngokwesibonelo, ukwabiwa ngoMoya oNgcwele nokugcoba izincku / abefundisi).



## Ingabe sisho ukuthini lesisifundo kithina namhlanje na?

- Lesi sifundo senza ukuba siqaphele amafa ethu obuKristu futhi ikakhulukazi ukuthi abaPhostoli bokuqala besikhathi sethu (hhayi ibandla lokuqala) babizwa kanjani.
- AmaKristu athandazela izipho zikaMoya oNgcwele nesikhonzo.
- Ngemikhuleko nangokholo, amakholwa abona isipho sesikhonzo.
- Ibandla eliholwa ngabaPhostoli lasungulwa.

## Nalu uhlu IwabaPhostoli abayishumi nambili bokuqala besikhathi sokugcina.

Name of the twelve Apostles	Year of birth	Month in which they were first called
John Bate Cardale	1802	October 1832
Henry Drummond	1786	January 1833
Henry King-Church	1785	April 1833
Spencer Perceval	1795	December 1833
Nicholas Armstrong	1801	January 1834
Francis Valentine Woodhouse	1805	August 1834
John Owen Tudor	1784	February 1835
Henry Dalton	1805	March 1835
Thomas Carlyle	1803	May 1835
Francis Sitwell	1797	May 1835
William Dow	1800	June 1835
Duncan Mackenzie	1785	July 1835

### UMkhuleko kaBaba noMama ngaphambi kwesifundo:

Nkulunkulu othandekayo, ngiyakubonga ngalolusuku

Busisa bonke abazali nezingane

Sengathi singabuzwa ubukhona baKho

Busisa isifundo esizoba naso, Sicela usifundise ukukukhonza

Futhi usisize ukwenza intando yaKho

Ukuze sikhule sisondele kuWe, Thumela uJesu azosilanda

Futhi kwangathi singalungela ukuhlangana naYe

Amen